

ZWAKALISA UVO LWAKHO

Ukubuyezwa koMthetho woXhaso lukaHulumeni lwamaQembu Ezepolitiki Amelwe, Nombolo 103 we-1997

Isimemo sokuPhawula

Uxhaso lukahulumeni lwamaqembu ezepolitiki amelwe ezishayamthethweni zikazwelonke nezezifundazwe lukhishwa ngokoMthetho woXhaso lukaHulumeni lwamaQembu Ezepolitiki Amelwe, Nombolo 103 we-1997.

Mhla zi-6 kuNhlabathi wezi-2017 iNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke inqume ukuthi:

- ukusebenza kahle kwamaqembu ezepolitiki kubalulekile ekuthuthukiseni umthethosisekelo wentando yeningi eNingizimu Afrika, ikakhulu ngendlela yokuthi lezi zinhlangano zimele umphakathi; nokuthi
- amaqembu ezombusazwe adinga uxhaso olwanele kwezezimali ukuze ekwazi ukwenza imisebenzo yawo nokuthuthukisa intando yeningi, nokuthi indlela yanye nokuba sobala koxhaso olunjalo lwemali belubalulekile emmongweni wokuthi umphakathi ulwethembe uhlelo lwezepolitiki.

Ngokubuka lokhu okungenhla, iNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke isungule iKomidi loXhaso lwamaQembu Ezepolitiki ukuze libheke ngoxhaso lwamaqembu ezepolitiki amelwe ezishayamthethweni zikazwelonke nezezifundazwe eNingizimu Afrika. Kuze kube manje, iKomidi kumele libheke indlela kahulumeni nezimele yokuxhasa amaqembu ezepolitiki. Phezu kwalokho, kuzobhekwa isidingo, kanye nezindlela ezingaba khona zokulawula uxhaso lwezimali ngayo yonke indlela (kubandakanya izinkampani zotshalomali abaninizo abangamaqembu ezepolitiki). IKomidi lingethula ukuchibiyela emithethweni ekhona.

Ngalokhu iKomidi limema umphakathi ukuthi uphawule ngokuthi ungaqiniswa kanjani uMthetho woXhaso lukaHulumeni lwamaQembu Ezepolitiki Amelwe, Nombolo 103 we-1997 ukuze konke kube sobala ngendlela amaqembu ezepolitiki axhaswa ngayo ngezezimali ukuze kuqinisekise ukuthi asebenza ngendlela efanele. Okubhekwa kakhulu yindlela kahulumeni nabazimele yokuxhasa amaqembu ezepolitiki, kanye okufiswayo kanye nezindlela ezingaba khona zokulawula zonke izindlela zokuxhasa okuzimele kanjalo nezinkampani zotshalomali abaninizo abangamaqembu ezepolitiki.

Izethulo ezibhaliwe – kubandakanya nesifiso sakho sokwenza isethulo ngomlomo esigcawini somphakathi esizobanjwa kuNcwaba – kumele zifike eKomidini lingakadluli ihora le-10h00 ekuseni mhla zingama-21 kuNtulikazi wezi-2017. IKomidi linelungelo lokubona ukuthi yiziphi izinhlangano/abantu elizobamema ukuba bezokwenza izethulo ngomlomo.

UMthetho woXhaso lukaHulumeni lwamaQembu Ezepolitiki Amelwe, Nombolo 103 we-1997 kanye nemithetho-nqubo kuyatholakala kusizindalwazi kuleli kheli www.parliament.gov.za kanti futhi ungasicela kuNobhala weKomidi (imininingwane ingezansi).

Imibuzo nezethulo ezibhaliwe kumele kuqondiswe kuCindy Balie, uNobhala weKomidi: ad hoc Committee on the Funding of Political Parties, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000, noma kuleli kheli cbalie@parliament.gov.za, noma ngefeksi kule nombolo: 086 665 5444. Ungabuyez uxhumane neKomidi kulenombolo yocingo 021 403 3667 noma 083 709 8444.

Ikhishwe uSihlalo weKomidi Lesikhashana mayelana noXhaso lwezimali lwamaQembu Ezepolitiki, uMnu VG Smith, iLungu lePhalamende.

